Diploma Programme
Programme du diplôme
Programa del Diploma

# Zulu A: literature – Standard level – Paper 1
# Zoulou A : littérature – Niveau moyen – Épreuve 1
# Zulú A: literatura – Nivel medio – Prueba 1

Wednesday 10 May 2017 (afternoon)
Mercredi 10 mai 2017 (après-midi)
Miércoles 10 de mayo de 2017 (tarde)

1 hour 30 minutes / 1 heure 30 minutes / 1 hora 30 minutos

---

### Instructions to candidates

- Do not open this examination paper until instructed to do so.
- Write a guided literary analysis on one passage only. In your answer you must address both of the guiding questions provided.
- The maximum mark for this examination paper is **[20 marks]**.

### Instructions destinées aux candidats

- N'ouvrez pas cette épreuve avant d'y être autorisé(e).
- Rédigez une analyse littéraire dirigée d'un seul des passages. Les deux questions d'orientation fournies doivent être traitées dans votre réponse.
- Le nombre maximum de points pour cette épreuve d'examen est de **[20 points]**.

### Instrucciones para los alumnos

- No abra esta prueba hasta que se lo autoricen.
- Escriba un análisis literario guiado sobre un solo pasaje. Debe abordar las dos preguntas de orientación en su respuesta.
- La puntuación máxima para esta prueba de examen es **[20 puntos]**.

2217 – 0683



© International Baccalaureate Organization 2017

International Baccalaureate®
Baccalauréat International
Bachillerato Internacional

Bhala ucwaningo olulandela imibuzo ubhekise esiqeshini **esisodwa** kuphela. Empendulweni yakho kumele ubhekane nayo yomibili imibuzo ekulawulayo.

**1.**

"Cha phela le ngane iyangidelela. Nx!" Asho lawo mazwi uMaMbili qede aphumele emnyango afike athathe ipulangwe aqonde ngqo emnyango wekamelo likaMpume, ashaye kabili kathathu, vulekiyane umnyango.

"Yimihlola yami! Awungivuleli kanti ukhona uqubile!"

"Kangikuzwanga mama, ngiyaxolisa," kuzincengela uMpume.

"Usuyahamba yini pho?" ebuza embuka phansi, embuka phezulu.

"Yebo, sengiyindlela," ephendula ngokukhulu ukunganaki.

"Mpume, ngeke ungitshele ukuthi usuyindlela ungagqokile," esho ngolaka.

"Impela sengiyindlela mama," esho ethatha isikhwama eqonda ngasemnyango. Athi uyaphuma amvimbe uMaMbili.

"Mpume, uzohamba kanjani njengoba ungagqokile nje?" kubuza uMaMbili ngokumangala.

"Ngigqokile nje ma," kusho uMpume emamatheka.

"Awugqokile!" kufutheka uMaMbili.

"Nigigqokile," kugcizelela uMpume.

"Ngokwazi kwami indoda yalapha ekhaya seyashona, pho wena uyindoda kabani?"

"Hawu ma…."

"Cha, ngibuziswa indlela ogqoke ngayo."

Kuthi akakhale uMpume uma ezwa unina ekhuluma kanje.

Kufike ukuthukuthela kuthi akamtshele kwezikabhoqo ukuthi ukhathele ngukudlulwa ngontanga, yena elokhu ehushazela nezingubo ezishaya emaqakaleni. Azikhuze nokho, aphendule sakuphoxeka ngomoya ophansi:

"Ma, ngiyazi ukuthi awulifuni ibhulukwe kodwa phela akusho ukuthi angigqokile futhi akusho ukuthi ngiyindoda. Ngaphandle kwalokho abangani bami besithembisane nabo ukuthi sizogqoka kanje," echaza ngezwi elidabukisayo.

"Yinonsense yodwa nje le ongitshela yona. Lalela-ke, ngithi awusayi lapho uma kungukuthi uzohamba nqunu kanje," kusho uMaMbili ngokudinwa.

"Ngiyaya," kuphendula uMpume ngenkani.

"Awuyi."

"Ngiyaya."

"Mpume usufuna ukuzenzela umathanda ngoba uyihlo engasekho? Usufuna ukungiphatha? Lalela-ke ngikutshele ngoba awazi, kukhala esami isicathulo kulo muzi. Uma ngithi kawuyi lapho, kawuyi ngempela!"

Avele aphelelwe ngamandla uMpume.

"Hawu ma, ngoba ubusuvumile nje? Uqale nini ukuba yile nhlobo yomuntu olala ephenduka?" ebuza ehwaqa engayikholwa neze le nto emehlelayo.

"Uma usazimisele ngokuhamba, shintsha lezi zinto ozifakile, ufake izinto ezihloniphekile."

"Ma, bese ngichazile ukuthi besivumelene nabangani bami ukuthi asigqoke kanje. Bangathini nje uma sengiqhamuka sengifake into esingavumelananga ngayo? Ma, awufundile impela kodwa le nto engiyishoyo uyayibona," esho ngokucikeka.

"Ngoba awufuni ukuzwa lokhu engikushoyo vele ungayi ndawo ngoba vele la niya khona kusho ukuthi niyobukisa ngemizimba. Mina-ke anginayo ingane ezohamba nqunu iyobukisa ngomzimba!"

"Ma asiyi ukuyobukisa ngemizimba. Njengoba ngichazile izolo, siya olwandle siyavakasha."

Kucace ukuthi uMaMbili akayizwa yonke le nto echazwa nguMpume.

"Awuyi lapho."

"Ngiyaya."

"Uzohamba ngenkani? Ngeke ngikunike imali." UMaMbili usethukuthele ngempela.

"Nginayo."

"Awusebenzi ndawo. Imali uyithathaphi?" Nya.

"Mpume, noma ungaba nemali engakanani kodwa lapho awuyi, ngaphandle uma ungashintsha ufake okunye okungcono."

"Linani ibhulukwe?" kubuza uMpume ecumbaza isikhwama sakhe.

"Alinalutho, kodwa lapha kwami angilifuni. Uma usazimisele ukuhlala kwami uzokwenza intando yami. Ngimdala, ngilalele."

"Ma, anginandaba nobudala bakho. Enginendaba nakho yisikhathi lesi esingishiyayo," kusho uMpume edlubulundela ephuma nesikhwama sakhe.

"Mpume awufuni ngikufake endleleni okuyiyo? Kulungile hamba ubone ukuthi inkani yakho izokubuyisela ngani," kumemeza uMaMbili emphelezela ngamazwi ahlabayo.

Uphuma ngesango nje uMpume useyagijima. Ngenhlanhla afike ingakasuki ikhumbi okuzohanjwa ngayo. Sebemi ngaye abangani bakhe. Kuyachwazwa lapha. Umculo usho phezulu. Kugqokwe wona amabhulukwe obekuvunyelwene ngawo.

Nakanjani Sibiya, *Wathint'imbokodo* (2005)

(a) Phawula ngendlela ubudlelwano buka Mpume noMambili obusetshenziswe ngayo ukuze bukhombise lokho okuyingqikithi yalo mbhalo.

(b) Xoxa ngomthelela okhona nendlela umlobi asebenzise ngayo abalingiswa kanye nengxoxo phakathi kwabo kulesi siqeshana.

**2.**

**Umfundi**

Ungqoqwane womisa ingqakala,
Isiphuku sifudumele okwembawula,
Uhlaka lwami lungibambel'eduze,
Iningi lisahudula izikhumba.
Akukho okunye, ngimelwe ukuvuka,
Angithi ngiwumfundi!

Sekwaphenduka umchilo wesidwaba, sekuyimi.
Bekhona bengekho abangani nontanga,
Abanye baphuka endleleni,
Abanye baphelelwa ivuso nesineke,
Umqansa isibili lolu hambo,
Kepha ngisashaya kancane.
Abafundisi bangitshela ngisakhasa:
Imfundo izala impumelelo, isinkwa sangomuso."
Nempela ukungazi yichilo, injongo yomuntu ulwazi.
UMdali walidala iqhinga, akwandele bani,
Angilisebenzise ngobuqotho,
Ngifunde ngifundiseke.

Ngemfundo ngivikelwe
Eziphithiphithini nenkohlakalo,
Emidlwembeni 'nezinkinga zobusha'.
Angimsulwa, ngiyavuma
Kepha izifundo zingidlisa ngentambo,
Ubuntofontofo boX5 noBM ngibuzwa ngontanga,
Ngiwumfundi, ngiyafunda.
Ubumina nezingqinamba nemithwalo,
Ikhaya nabazali nezabo,
Konke ngikubeke engxenye,
Imfundo iyongipha ifa langunaphakade
Umlando nosizi ngikubeke ethala,
Ngingumfundi, nginekusasa.
Akuzuba namuhla, noma ngomhlomunye,
Akuyukwehla emkhathini, akusiyo imana,
Kepha ngiyazi, kusendleleni sizohlangana.
Ngiyoqhakaza eningini,
Ngihlonishwe ngibungazwe ngiqhakambiswe,
Ngihole ngeqholo nentobeko;
Kepha ngiyobe ngiseyimi, ngisengumfundi.

Nakanjani Sibiya, *Izimbali Zesizwe* (2005)

(a) Xoxa ngendlela umbhali wenkondlo ayiyo Kanye nokuthi uyethula kanjani indikimba ebalulekile yalo mbhalo oyinkondlo.

(b) Ungaphawula uthini ngomthelela wokusetshenziswa kolimi kanye nezifenqo kule nkondlo?